UJEHOVA-JIRA

. . . ukubonga eGameni laKho elikhulu ngenhlanhla yokuba lapha kulobubusuku. SiyaKubonga ngakho konke Osenzele khona. Qiniso siyizidalwa ezingafanelekile ukwemukela okwezibusiso zaKho ezininginingi, kodwa sikhulekela ukuthi Uzosithethelela amaphutha ethu, futhi usisize ukuba sibe ngabantwana baKho abathandekayo. Sicela ukuthi uMoya oNgcwele uzosivakashela kulobubusuku, futhi ukhulume kithi, nangathi ngendlela emangalisayo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

2 Ningahlala phansi. Bengikhuluma nomkami nje e-Indiana emizuzwaneni embalwa edlule, futhi ngenkathi ngimtshela ukuthi bekukhona iqhwa elingakanani, nomfanyana wami uza ocingweni, uJoseph omncane, noJoseph wathi, uneminyaka emibili nje ubudala, wathi, "Babayi, woza ekhaya, ngizokhuphuka futhi ngikhulekele abagulayo." Ngicabange ukuthi bekukuhle.

3 Umfanyana, abaningi benu bayayazi indaba kaJoseph omncane. INkosi yangikhombisa yena iminyaka eyisithupha ngaphambi kokuba abe . . . eze emhlabeni. Futhi Yangethembisa umfana ngoba ngiyamthanda uJoseph kahle kakhulu. Ngangingazwelana naye, ngoba wazalwa, wabona imibono, wayekwazi ukuhumusha amaphupho, futhi wazondwa ngabafowabo ngaphandle kwesizathu, futhi ngangihlala ngimdabukela uJoseph. Futhi ngangikhala izinyembezi ngoluny'usuku ngale eMinneapolis, emuva ekamelweni elincane, neNkosi yathi, "Uzakuba nendodana, uzoyiqamba igama lokuthi uJoseph."

4 Awu, ngangingeke ngazi neze ngalokho, ngoba umkami akakwazi ukuba nabantwana ngokwejwayelekile, uzofanele abe nabo ngokuhlinzwa. Nodokotela wathi akasoze abe nomunye umntwana, kodwa lowo ayekade enaye. Iminyaka emine yedlula, iminyaka emibili, ngiyaxolisa, futhi sasazi ukuthi wayezoba ngumama futhi, nomunye wathi, "Ngabe lona nguJoseph na?"

Ngathi, "Angazi."

5 Kwase kuthi-ke, ngenkathi izalwa, kwakuyintombazane. Bathi, "Wawuqonde u*Josephine*."

Ngathi, "Qhabo, ngangiqonde u*Joseph*."

6 Nodokotela wathi, "Mnu. Branham," wathi, "bazodingeka babe nokuhlinza kumkakho, angeke esaba nabantwana."

Ngathi, "O, qhabo," ngathi, "Nginomfana ozayo."

Wathi, "Ngeke kwenzeka, Mnu. Branham."

Ngathi, “Kuzokwenzeka,” niyabo, “ngokuba iNkosi isho njalo.”

“Awu,” wathi, “kulungile.” Ngakho wamdedela wahamba.

7 Kwase kuthi-ke, eminyakeni emine kamuva, wayezoba ngumama futhi. Ngakho omunye wathi, “Ngabe lona nguJoseph na?”

Ngathi, “Angazi, kodwa uJoseph uyeza.”

8 Ngakho ngenkathi umhlengikazi ehla ephuma egumbini lababelethayo, wathi, “Mfundisi Branham?”

Ngathi, ngangiphandle lapho nobaba abalindile, futhi ngakho, ngathi, “Yebo, mem?”

Wathi, “Unomuhle, umfana ongamaphawondi ayisikhombisa.”

9 Ngathi, “Joseph, usunesikhathi eside uza, kodwa uBabayi uyajabula ukukubona.” Awu, u—ungumfana okahle ngempela, ngiyakhuleka iNkosi ingivumele ngimkhulise.

10 Futhi manje kulobubusuku, njengoba singena ngqo enkonzweni, ngingazami ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu kulobubusuku, ngikhulekela ukuthi iNkosi izosinika umlayezo ozokwenza izinhliziyo zethu zibe kahle. Futhi ngiyazama manje, ngizozama, uma iNkosi ithanda, ukwakha i—iBandla ngakokunye ukukholwa ukuthi kamuva, lapho uma kungenzeka . . .

11 Umkami wathi, “Injani inkonzo na?”

12 Ngathi, “Abantu abathandekayo, kodwa izixuku ezincane kunazo zonke engake ngaba nazo.” Kodwa yisimo sezulu. Manje, lapho u—umhlangano usuwakheka, awu khona-ke, ngiyacabanga, uma singathola leliqembu elincane lifundiswe ukuthi wemukelwa kanjani uKristu, khona-ke kuzoba lusizo olukhulu kulabo abangenayo ngaleyonkathi. Futhi si . . .

13 Enye yezinto ezinkulu engiyithola ebandleni, ngukuthi bayesaba. Futhi ngifuna ukuzama, ngemiBhalo, ukunikhombisa ukuthi aninalungelo lokwesaba.

14 Ngakho ngifisa ukuba niphenye kulobubusuku, okokufundwa komBhalo, ngale eNcwadini kaGenesisi, isahluko 22, siqale evesini 7:

> *U-Isaka wakhuluma* ku-*Abrahama uyise, . . . wathi, Baba wami: futhi wathi,* Ngi*lapha, ndodana yami. Wayesethi, Bheka nanku umlilo nezinkuni: kepha liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?*
>
> *U-Abrahama wathi, Ndodana yami, uNkulunkulu uzakuzibonela iwundlu lomnikelo wokushiswa: ngakho bahamba bobabili kanyekanye.*

15 Futhi evesini 14:

U-Abrahama waqamba igama lendawo ngokuthi uJehova-jire: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNKOSI kuyabonelelwa.

16 Ngiyathanda okwendaba: *UJehova-Jira*. Futhi kwangathi Angengeza izibusiso zaKhe eZwini.

17 Manje, sifuna ukuthatha isikhathi sethu, ukuze niqiniseke ukuthi niyakuthola. UNkulunkulu wabonakala kubantu ngamagama ayisikhombisa okuhlenga, lokho yizingxenye zaKhe ezingehlukaniseki kubantu baKhe, ayisikhombisa ayinhlanganisela, amagama okuhlenga. U*Jehova-Jira* kwakungelekoqala, u*Jehova-Rafa* (Mhlawumbe singene kulokho kusasa ebusuku.) elesibili, bese kuthi-ke u*Jehova-Manase*, isihlangu, futhi—futhi kwehle njalo, inhlanganisela eyisikhombisa, amagama okuhlenga. Futhi ungeke wehlukanisa lawomagama.

18 Manje, emuva esakhiweni lapha, ndawondawo, nizothola isithombe seNgelosi yeNkosi. Futhi ngobusuku lesosithombe esathathwa ngabo, uDkt. F. F. Bosworth, ongcwatshwe kulentambama, esesondele eminyakeni eyikhulu ubudala, waye . . . SasiseHouston, eTexas, nomunye umfundisi, uDkt. Best, wetabernakele elikhulu, itabernakele leBaptisti eHouston, wabhala isiqephu ephepheni, wayesethi, "UMnu. Branham akalutho kodwa o—olahlekile okholwayo, futhi ufanele axoshwe edolobheni, futhi ngifanele ngibe nenjabulo yokukwenza."

19 Awu, kwakuyisiqephu esikhulu esingaphambili ephepheni, esikhokhelwe isiqephu ephepheni. Akekho owasho lutho, waseke engiphosela inselelo ngosuku olulandelayo engxoxweni ukuthi, noma, inkulumo-mpikiswano ngeZwi.

20 Awu, angikholelwa ezimpikiswaneni qobo lwami, angicabangi ukuthi sifanele sizenze. Ngenkathi ngiqala ukugcotshwa ebandleni lamaBaptisti, ngacabanga ukuthi ngangingumvikeli wokukholwa, futhi ngathola ukuthi njalo lapho uphikisana nomunye, bahamba nomqondo ofanayo ababenawo ngenkathi befika. Uma bengamiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, abasoze bakwemukela. Bavele nje . . . Leyo yindlela kaNkulunkulu yokukwenza, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi."

21 Futhi niyakhumbula, iBhayibheli lasho ukuthi amadoda asendulo, niyabo, ukuthi lababantu, bephendula umusa kaNkulunkulu ube ngamanyala, bamiselwa ngaphambili okwasendulo ukwenza lento. Ngakho akukho-ndlela, uma iBhayibheli lithi bazokwenza, sifanele nje sikhumbule ukuthi bazokwenza.

22 Futhi bengingeke ngikulalele. Futhi ngosuku olulandelayo kwakukhona esinye isiqephu esiphuma eHouston Chronicle, sithi, "Lokho kukhombisa ukuthi benziwe ngani, bayesaba ukuhlasela iZwi, noma, ukubhekana neZwi."

23 Awu, lokho kwakukuningi kakhulu nje kuDkt. Bosworth, wenyukela egumbini lami lapho eHhotela iRice, wathi, "Mfowethu Branham, umphakathi uzocabanga ukuthi siwuhlobo oluthize nje lwesigejane sabantu abahlakazekile abangazi ukuthi sikhuluma ngani."

24 Ngathi, "Mfowethu Bosworth, awusoze wazuza lutho ngokuphikisana." Ngathi, "Kukhona okungenani . . . Kukhona cishe izinkulungwane ezingamashumi amathathu," ngase ngithi, "kunezinkulungwane eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili ezihlezi lapho ukuba zikhulekelwe. Kungani sifanele sichithe isikhathi sethu phezu komphikinkolo oyedwa, ongakholwayo, futhi sishiye izinkulungwane zihambe zingakhulekelwe na?" Ngathi, "UJesu wathi, 'Bayekeni, uma impumputhe ihola impumputhe, aziyikuwela zonke emgodini na?'" Ngathi, "Myekeni."

"Kodwa," wathi, "Mfowethu Branham," ayibusiswe inhliziyo yakhe, usekuphumuleni noNkulunkulu kulobubusuku, wathi, "mangikwenze."

25 Ngani, uDkt. Best wayethi akabe neminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu ubudala, esanda kuphuma nje esikoleni, isifundiswa esiphucukile, uDkt. Bosworth wayesesondele emashumini ayisishiyagalombili ngaleyonkathi. Futhi ngacabanga ngoKalebi, ngenkathi ethatha inkemba, wayesethi, "UJoshuwa wabeka lenkemba esandleni sami ngenkathi nginamashumi amane, namhlanje nginamashumi ayisishiyagalombili, futhi ngingumuntu okahle nje namhlanje njengoba nganginjalo ngaleyonkathi." Ngakho wafakazisa ukuthi wayenjalo, futhi.

26 Ngakho ngathi, "Mfowethu Bosworth, uma ungethembisa . . . " Kwakukhona inqwaba yezintatheli ezilindile esitezi esiphansi, kwakukade kuyizinsuku ezithi azibe mbili, ukubona ukuthi yiyiphi impendulo ebesiyoyinikeza. Ngathi, "Uma ungethembisa ukuthi ngeke uphikisane . . . "

Wathi, "Ngiyethembisa."

27 Awu, wagijima wehla ukuyotshela i—i—izintatheli. Awu, niyazi ukuthi iphephandaba lingakudlala kanjani, izihloko ezinkulukazi: *Kuzondiza Uboya Bomfundisi.* Ngakho-ke sadingeka siye ngale endlini enkulu yezemidlalo ukuba sithole abantu.

28 Nalokho kwafakazisa kimi ukuthi ngelinye ilanga lapho ukuhlushwa kungena, iBandla likaNkulunkulu ophilayo lizoba linye. Izitimela ezikhethekile, izindiza zabhonga usuku lonke, zingenisa abantu. Kwakuyini na? Ngenkathi kunqamula isizwe, abantu beze bevela le eCanada, bendiza behlela lapho. Kwakuyini na? Babengenandaba noma babeyi-Assemblies of God, noma iFoursquare. Kwakuyini na? Imbangela ababeyimele

yayingatshazwa, futhi babeza ukuzovikela imbangela. Nampo beza, baze bachichimisa leyoSam Houston Coliseum.

29 Awu, ngabatshela, bengingeke ngehle, ngoba angithandi ukuphikisana. UmBhalo kimi wawunga—wawungafanele ukuba kuphikiswane ngawo, Ufanele uphilwe. Ngakho, nokho, ngalobobusuku ngenkathi begcwala phama, ngathi, "Angehli."

30 Ngakho-ke lapho sekuba leyithi kusihlwa, awu, angikwazanga nje ukuqhela, ngakho-ke ngathi kumkami, "Asehle." Ngakho yena nami, nentombazanyana, nomfowethu, amaphoyisa amabili asisiza ukuba singene, futhi ngenyukela kuvulandi osesitezi amashumi amathathu, phezulu le. Kwase kuthi-ke ngisahlezi phezulu lapho, nejazi lami lonke lidonsiwe laphakama, ukuze singeqondwe, ngoba sasikade sinomhlangano omangalisayo.

31 UMnu. Bosworth wasukuma . . . Manje, abengameleyo, nokunye nokunye, futhi wathi . . . Awu, uCy Ramsar (abaningi benu bayamazi uCy Ramsar, umculi kaPaul Rader), futhi wayecula ngalobobusuku, futhi wenza isitatimende esincane, wathi, "Bengifunda ephepheni lapho abathi uMnu. Branham ubefanele akhishwe kulelidolobha njengokweduka kwenkolo." Wathi, "Uma nina bantu beningachitha isikhathi esiningi nikhipha ogweva edolobheni lenu, esikhundleni sabantu abamesabayo uNkulunkulu abangena lapha ukuba babambe imvuselelo, lelidolobha beliyoba ngcono," nesixuku sonke sabhonga. Ngakho ngangazi ukuthi uMnu. Best wayehluliwe, ngayo leyonkathi.

32 Ngakho manje-ke, ngenkathi i—ingxoxo iqala, uMnu. Bosworth wayefuna . . . Babezokhulumisa uMnu. Bosworth kuqala, khona-ke uMnu. Best, futhi khona-ke babeyoba nechibi ekugcineni, owengamele washo, Khona-ke si . . . Nga—ngalalela, noMfowethu Bosworth wathi, "Ngizobuza umbuzo owodwa, futhi uma uMnu. Best . . . " Manje, wayenemizuzu engamashumi amathathu ukuba azizwakalise, wathi, "Ngizobuza umbuzo owodwa kuMnu. Best." Futhi wathi, "Kuqala," nakhu akusho, "NginemiBhalo engamakhulu ayisithupha eTestamenteni eLisha ebhalwe lapha, uma uMnu. Best ezothatha noma yimuphi walemiBhalo engamakhulu ayisithupha, futhi afakazise ngomBhalo ukuthi kuyiphutha, ukuthi isimo sokuziphatha sika Kristu samanje kwabagulayo siyafana nje namhlanje njengoba sasinjalo ngaleyonkathi, uma ezofakazisa ukuthi akunjalo ngemiBhalo, ngizovele ngihlale phansi."

Futhi uMnu. Best wayengeke akuthathe, wathi, "Ngizokunakekela lokho lapho ngifika phezulu lapho."

Awu, wathi-ke kowengamelayo futhi, "Ngingaba nelinye igama noMnu. Best na?"

Bathi, "Ungakwenza."

33 Wathi, “Mnu. Best, ngizokubuza umbuzo owodwa, futhi ungiphendule, *yebo* noma *qha*, vele usho igama, *yebo* noma *qha*, noma yiliphi lawo, futhi ngizohlala phansi, ungaba nakho konke okunye kwakho.” Lokho ukukusondeza impela, niyazi. O, abanye abantu bacabanga ukuthi lesi yisigejane sobuhlanya, kodwa yiqiniso eliqinile leVangeli likaNkulunkulu. Impela.

34 Ngakho wathi, “Ngifuna ukukubuza umbuzo owodwa.” Wethembisa ukuthi uyophendula *yebo* noma *qha*. Wathi, “Ngabe amagama okuhlenga kaJehova asetshenziswa kuJesu, *yebo* noma *qha* na?” Yilokho-ke. Uma athi *qhabo*, Wayengesuye uJehova-Jira, khona-ke Wayengesuye uMsindisi, uma EnguJehova-Jira, UnguJehova-Rafa, uMphulukisi, onguye izolo, namuhla, naphakade.

35 UMnu. Best wayengeke amphendule, wayazi kangcono. Awu, lowo omdala, umphefumulo oyiqhawe, ongcwatshwe namhlanje, wathatha imiBhalo, futhi wabophela lowomfundi osemncane esimweni esinjalo, kwakungekho lutho olumsalele ukuba ashumayele ngalo.

36 Ngenkathi esukuma, washumayela intshumayelo enhle ngempela yabakaCampbell. Ngiyazi ukuthi iBaptisti ikholwa yini, ngiyiBaptisti qobo lwami, ngakho ngiyazi ukuthi bafundisani. Futhi washumayela intshumayelo yabakaCampbell, wangabaza ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kukaKristu evusa uLazaru kwabafileyo. Wathi, “Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokomunye unyaka, noma, emuva lapho.” Futhi lapho eseqedile, wathi, “Akukho lutho ngaphandle kwesigejane sabagingqiki abangcwele abayokholelwa entweni enjalo.”

37 Futhi ngakho uMnu. Bosworth wathi, “Mnu. Best, ngingathanda ukukubuza okuthize, umzuzwana nje.” Wathi, “Bangaki abantu abami phakathi, noma, kulezizethameli kulobubusuku, lowo ovela kulamabandla amakhulu amaBaptisti,” futhi ngaphezu kwabefundisi beBaptisti abangamashumi amathathu behlezi lapho, “bangaki abantu kulezizethameli abavela emabandleni amaBaptisti lapha eHouston ebeningama ngezinyawo zenu futhi nifakaze ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile selokhu uMfowethu Branham kade esedolobheni na? Yima ngezinyawo zakho?” Futhi amakhulu amathathu nento asukuma. Wathi, “Uthini ngalokho na?”

Wathi, “Mveze lowomgingqiki ongcwele, mphulukisi ngokukaNkulunkulu, futhi mangimbone enza isimangaliso.”

Futhi wathi, “Ulapha njalo ebusuku, kodwa akenzi izimangaliso, ukhulekela abagulayo nje, yilokho kuphela, Mnu. Best.”

38 Wathi, “Ake ngimbone ethwebula omunye umuntu, khona-ke ake ngibabone unyaka kusukela manje.” Futhi nje

el'hlaza ngempela. Wayesethi-ke, "Ngingathanda ukukubona kwenziwa."

39 Ngakho cishe ngalesosikhathi, uMnu. Bosworth wathi, "Ngiyazi ukuthi uMfowethu Branham usezethamelini, futhi khona-ke, uma Efuna ukuza futhi akhulule izethameli, kulungile, kodwa ngimthembise ukuthi bengingeke ngimbizele emsamo, uma efuna." Awu, akekho owayazi ukuthi ngangikuphi.

40 Umfowethu wathi kimi, "Hlala uthule, Bill."

Ngathi, "Awu, angihlezi ngithule na?" Ngakho nje ngihlezi lapho. Futhi cishe ngalesosikhathi, iNgelosi yeNkosi yasondela, ngasukuma.

UHoward wathi, "Hlala phansi, Billy."

Nomkami wathi, "Buka, qhabo, Howard." UHoward wabheka phezulu.

41 Amakhulu amahlanu, noma ngaphezulu, abangenisi bahlanganisa izandla zabo, ngaya emsamo. Ngaya ngale ngase ngixhawulana noDkt. Best, ngathi . . . Ngase ngiya ezethamelini, ngathi, "Ningazizwa nil'khuni nina bantu kuMfowethu Best," ngathi, "ngenxa yokuthi . . . " Kusobala, wa—wayehluliwe kwinkulumo-mpikiswano, wayengenalo ngisho unyawo olulodwa—olulodwa ukuba ame ngalo, kungekho nowodwa umBhalo ukuba ame kuwo, ngakho wayehluliwe kwinkulumo-mpikiswano, wayethukuthele kakhulu.

42 Wahamba wazungeza lapho, wayesethi, "O," futhi wa—wamukula umshumayeli emlonyeni, futhi babefanele bahambe baye ngale futhi bamenze asuke kulowomfundisi. Ngakho wathi—u . . .

43 Ngathi, "Ningazizwa nil'khuni kuMfowethu Best, ngoba wa—wayenomama owayemthanda." Ngathi, "Futhi yingakho abafana bethu beseKorea," khona-ke, "belwa . . . " Ngathi, "Kodwa ngiyaphikisana naye emiBhalweni, kodwa njengomuntu, kulungile," niyabo. Ngathi, "Ningacabangi kal'khuni ngaye." Ngathi, "Uma sekuza ekuphulukiseni abagulayo," ngathi, "Bengicabanga ngalokho uSathane akusho kuJesu: 'Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso lapha phambi kwami, futhi ake ngikubone usenza,' enze ikholwa ngaye, kodwa uJesu akakwenzanga, lowomoya usaphila. Impela. 'Ake ngikubone wenza okuthize.'

44 "Amasosha ayemboze indwangu ebusweni baKhe futhi aMshaya ekhanda, athi, 'Wazi izimfihlo zenhliziyo yowesifazane, nazo zonke lezizinto, wena mboni, sitshele ukuthi ubani okushayile, futhi sizokukholwa.' Akazange athi vu. Niyabo? Akawuvulanga umlomo waKhe. Akasuye umhlekisi, kungukubonakalisa uNkulunkulu.

45 Futhi ngathi, "Kodwa mayelana nemibono, leso yisiphiwo, lokho akungatshazwa." Ngathi, "Uma ngikhuluma iQiniso,

uNkulunkulu ubophezelekile ukuqinisekisa iQiniso." Futhi kungengaphezu kokuba sengisho lokho, nakhu kufika leyoNsika yoMlilo, ivunguza emoyeni phambi kwabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, yehla kanjalo.

46 Nomthwebuli wezithombe o . . . Abafanele ukuthatha izithombe ngenkathi umhlangano usaqhubeka. Leyo enkulukazi, ikhamera yathwebula isithombe, ukubona nje ukuthi babengasithola yini. Futhi Yayikade iboniwe ezindaweni eziningi, kodwa ba—bamangala . . . Intatheli yephephandaba yaYithola esithombeni kanye, kodwa sasingesiso esisemthethweni, ngoba intatheli yephephandaba . . .

47 Kwase kuthi-ke ngenkathi bethwebula leso, uMnu. Best wenyuka, wafaka isibhakela sakhe ngaphansi kwekhala likaMnu. Bosworth wayesethi, "Thwebula isithombe sami *kanje*," ngaphambi kwalokhu nje, "bese usithatha *kanje*." Wathi, "Ngizolihlinza lelokhehla, bese ngiqhasela isikhumba salo emnyango wami wokutadishela kube yisikhumbuzo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu." Kodwa niyazi, ngenkathi bengena . . .

48 Ngathi, "Manje, uNkulunkulu ukhulumile, asisekho isidingo sami sokuba ngikhulume," futhi ngaphuma, amaphoyisa angisiza ngaya emotweni. Futhi lapho ngifika emotweni, ngenyuka, cishe ihora kamuva, bathatha lokho . . .

49 Nendoda esithathayo yayingumgxeki, yayibhale ephepheni ngolunye usuku, yathi, "UMnu. Branham uthwebula isifo sokuvuvuka komphimbo emphinjeni wowesifazane, ngimbonile ehlikihla izandla zakhe *kanjalo* ngokuthwebula, nesifo sokuvuvuka komphimbo sasuka." Umgxeki omkhulu kakhulu, futhi waya ekhaya ngalobobusuku, futhi wathi, "Uyazi ukuthini? Angazi ukuthi ngicabangeni." Wathi, "Ukuba indoda yayiyiKatolika, bengiyokholwa ukuthi kwakulungile. Kodwa hhayi . . . " Wathi, "Zonke iziphiwo ziya ebandleni eliKatolika." Futhi wathi, "Kodwa ukuba ubeyiKatolika, bengiyocabanga ukuthi bekulungile."

50 Wayeseqhubeka-ke e—eDouglas Studios, unga . . . khona lapha yikheli labo, nezinto, esithombeni. Ngenkathi beya ukuyokhulisa isithombe, bakhipha izithombe ezicwebezelayo eziyisithupha ababefanele babe nazo ngoMnu. Best enyakazisa izibhakela zakhe phansi kwalelo elimesabayo uNkulunkulu, elingcwele, ikhehla, futhi zonke zazingenalutho. UNkulunkulu wayengeke avumele leyokhamera ukuba ithathe isithombe nesibhakela sakhe ngaphansi kwalelokhala lendoda engcwele, kanjalo, yenza kanjalo. Futhi ngenkathi bekhipha esesikhombisa, kwakukhona iNgelosi yeNkosi esithombeni. UMnu. Ayers waqimuka ngokuhlaselwa yinhliziyo. Bathumela ukungibiza.

51 Ngeleshumi nanye nqo ngalobobusuku sasisendleleni yaso eya eWashington, DC. Iviki kamuva emva kokuba sesinikezwe ilungelo langokomthetho, futhi sabuyiswa, uGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI, imilobo yeminwe nencwadi yase-United States, edlula konke okukhona ezweni, waba naso izinsuku eziningana eShell Laboratory eHouston, eTexas.

52 Ngalolosuku ngenkathi sonke siwelela lapho ukuba semukele lokho abeyokusho ngakho, uMnu. Best wathi, "Elikabani igama elithi Branham na?"

Ngase ngithi, "Elami."

53 Wathi, "Sukuma." Ngasukuma, wathi, "Woza lapha." Ngenyukela kuye. Wathi, "Mnu. Branham," wathi, "Bengingumgxeki wakho, nami, futhi ngithe leyo kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo labobantu abayibonile," wathi, "kodwa iso lomshini laleyokhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo," wathi, "ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Futhi wathi, "Ngokwazi kwami, banoma yimuphi unyaka," wathi, "umzenzisi omdala," okungukuthi wayeqonde ongakholwayo, "wathi kwakungeke kube khona noma yibuphi ubufakazi besayense ukuthi kwakukhona iSidalwa esingaphezu kwemvelo," kodwa wathi, "lesisithombe siyamlahla. Nasi iSidalwa esingaphezu kwemvelo esasilapho. UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Futhi wanikezela ifilimu.

54 Nakho emuva lapho manje, kuvela eDouglas Studios negama lakhe uqobo lisayiniwe, futhi lisencwadini, futhi. Okuwukuphela . . .

55 Futhi emavikini ambalwa edlule, noma, ezinyangeni ezimbalwa—ezimbalwa ezedlule eJalimane, babefuna ukubona ukuthi babengakuthola yini. Futhi ngenkathi Yehla leyokhamera enkulu yaseJalimane yakuthatha yehla, ngenkathi Igcotshwa, ngenkathi Ithi, futhi ngenkathi Ihamba futhi, ikhamera yaseJalimane yakuthatha.

56 Basithatha eSwitzerland. Ngalobo busuku, nganginezinkulungwane ezingaphezu kwamashumi amathathu ziza kuKristu ngesikhathi esisodwa.

57 Manje ngifuna ukusho okuthize, emva kokungawezwa amateyipu, kodwa amadoda engitshela, ngiqonde lokhu ngenhlonipho yokuzithoba: Izolo ebusuku emsamo, lapho abantu abaningi phandle lapha ezethamelini, abafunde kahle, abahlakaniphile, abantu abanobuhlakani, futhi uma lowo wesifazane elapha kulobubusuku, angiqondile ukuzwakalisa noma yini engalungile, dadewethu, kodwa ompofu, mhlawumbe ongafundile, owesifazane oyikhaladi, ebululeni bokukholwa, wabuka lokho kuKhanya lapho Kwakuhamba. Uza emsamo izolo ebusuku, futhi ngaphambi kokuba afike lapha,

uNkulunkulu waqondisa izingalo zakhe ngesifo samathambo, nokunye nokunye, khona lapha, futhi washiya labo abebehlezi bemangala, behlezi nje futhi bemangala. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? UNkulunkulu ungowangempela.

58 Futhi uma ngifa kulobubusuku, lobu ubusuku bami bokugcina emhlabeni, izigidi zabantu emhlabeni jikelele ziyazi ukuthi kunjalo, izwe lesayense liyazi ukuthi kunjalo. Kuyiqiniso ukuthi siphila ezinsuku zokugcina, noJehova uNkulunkulu omkhulu, Owahola abantwana bakwa-Israyeli, Owabonakala eNsikeni yoMlilo kuPawulu oNgcwele esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, uPetru etilongweni, ulapha kulobubusuku, ngakho kokubili ngokwesayense nangokuphathekayo, eZifakazela ekuvukeni. Amen.

59 U*Jehova-jire*: "INkosi izoZibonela umhlatshelo."

60 O, sizobuyela emuva ukuthola ngemuva kwalesisithombe manje, cishe imizuzu engamashumi amabili: u-Abrahama no-Isaka, umntwana othenjisiwe. Manje kuqala, emuva kuGenesisi 12, sithola ukuthi u-Abrahama wayengumuntu ojwayelekile nje. Izikhathi eziningi kakhulu lapho abantu bebona iziphiwo zisebenza, noma okuthize, bafuna ukukwenza kube sengathi kuyinto ethize, umuntu ongcwele wangempela. Akusuye umuntu ongcwele, NguMoya oNgcwele.

61 Njengoba bengisho izolo kusihlwa, njengoba uPetru athi intaba engcwele, kwakungesiyo intaba engcwele, kwakunguNkulunkulu oNgcwele entabeni. Futhi njengoba kungekho namunye wethu onanoma yiliphi ilungelo lokubiza ubungcwele kithi uqobo, ngubungcwele bukaNkulunkulu esiphumule kubo. Anginabo, kanjalo nawe. UNkulunkulu ubengeke akwemukele, empeleni, ukuba besinakho, Wemukela uKristu kuphela, futhi thina sifile kuKristu, Uyasemukela ngo . . . ngoKristu.

62 Futhi uNkulunkulu wabiza u-Abrahama, ngenkathi esezansi—ehla evela eBabiloni, mhlampe, mhlawumbe ephuma emndenini wokukhonza izithombe. NeBhayibheli liyasho ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka. UNkulunkulu ngokwaziphambili wamisa eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, abavangeli, abafundisi, abelusi. Ngokwaziphambili uNkulunkulu wabamisa phakathi. Wayebazi bonke ngaphambi kokuba izwe liqale.

63 Wayazi, njengoba amaRoma 8 esitshela, ukuthi Wayenga . . . Wamzonda u-Esawu futhi wathanda uJakobe ngaphambi kokuba noma yimuphi umfana azalwe. Ngokuba ukwaziphambili kwaKhe kuyaMvumela ukuba amisele ngaphambili zonke izinto ukuba zisebenze ndawonye enkazimulweni yaKhe, lowo nguJehova omkhulu. "Akuyi ngothandayo, noma ogijimayo, nguNkulunkulu okhombisa umusa." Yilokho umBhalo okushoyo. Ngakho akusikho ukuthi

uzama kangakanani, kungukuthi uNkulunkulu ukwenzele kangakanani. Futhi uma unokwenele kukaNkulunkulu ukuba uphumele lapha kulobubusuku, isifiso sokuza uzwe uMlayezo, ubufanele ube ngumuntu ojabule kunabo bonke edolobheni, ngoba uNkulunkulu uhamba empilweni yakho, Uzama ukukuholela eMthonjeni, Uyakuthanda.

64 Ngifuna niqaphele u-Abrahama ehla ephuma e—eBabiloni noyise, futhi wahlala e—ezweni laseShinari, futhi mhlampe, waba nokuphila kwakhe lapho. Nomkakhe kwakunguSara, udadewabo ingxenye.

65 Manje, wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noSara wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze akhulume kuye futhi wenza isivumelwano naye. Owesifazane oneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, indoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noNkulunkulu wathi, "Hamba phambi kwaMi, futhi uphelele." UNkulunkulu wenza isivumelwano no-Abrahama, ngokungenambandela; kwakungekho mibandela, "Uma uzokwenza *lokhu*, Ngizokwenza." Wenza isivumelwano nomuntu kanye kanjalo, u-Adamu, futhi wasephula.

66 Umuntu uyasephula isithembiso sakhe, uNkulunkulu angesephule isithembiso saKhe. Ngakho uNkulunkulu, wazimisela ukusindisa umuntu, Wenza isivumelwano ku-Abrahama ngokungenambandela, wamtshela, "Ngenze *lokhu*, futhi kuzoba nga*le*ndlela, futhi ku. . . *lokhu* kuzoba njalo, futhi uza kiMi usugugile."

67 O, wena uthi, "Ngizizwa ngikahle, Mfowethu Branham, uma uNkulunkulu enza isivumelwano esinjalo nami."

Awu, Wasenza! Isivumelwano asenziwanga no-Abrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe emva kwakhe, u-Abrahama neNzalo yakhe.

Wena uthi, "Kodwa ngingoweZizwe."

IBhayibheli lathi lapho sifile kuKristu, sithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso.

68 Manje, uma uyilunga lebandla, akusho ukuthi uyiNzalo ka-Abrahama, kodwa uma uzelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, uyiNzalo ka-Abrahama, nokukholwa u-Abrahama anakho, kuhlala kuwe. Futhi u-Abrahama wabiza yonke into ephambene nesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungathi yayingenjalo. Yena, akunandaba ukuthi kukhuthaza kanjani, noma kuyadumaza, njalo, ukuthi kwakubonakala sengathi, u-Abrahama wayesalokhu enqaba ukubona noma yini, ngaphandle kwalokho uNkulunkulu athi kwakuyiqiniso. Bese-ke sizibiza ngeNzalo ka-Abrahama, futhi singabaze yonke into uNkulunkulu ayishoyo, cishe, angeke sethembele

kusukela ebusukwini obubodwa kuya kobunye. Niyabona ukuthi siyizikhonzi ezimpofu kanjani ukuba sibe yiBandla likaNkulunkulu ophilayo na?

69 Kulungile. Manje, ngenkathi . . . UNkulunkulu wenza into eyodwa emva kokuba Esekhethe u-Abrahama, Wabiza ukwehlukana. Futhi yileyonto eyodwa uNkulunkulu ayenzayo lapho Ebiza noma yimuphi owesilisa noma owesifazane: "Zahlukanise nezwe."

70 "Phuma phakathi kwezihlobo zakho," Washo ku-Abrahama, futhi "Ngizokubusisa." Futhi uma nizoqaphela, Akazange ambusise u-Abrahama, waze wazehlukanisa nazo zonke izihlobo zakhe, uLoti nabo bonke.

71 Manje qaphelani, lapho beqhubeka, manje, ungathini nje u-Abrahama eya ekhaya futhi etshela uSara . . . Wayehlale naye kusukela eseyintombazane esencane, futhi manje, ake sibone, unamashumi ayisithupha-nanhlanu, lokho sekuyiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu esedlule ukuya esikhathini, wayekade eyinyumba yonke impilo yakhe, futhi lapha uNkulunkulu uthi Uzobanikeza ingane, futhi kulengane umhlaba wonke uzobusiswa.

72 Futhi manje, ubungathini nje namhlanje, uma uNkulunkulu engaguquki, ubungathini nje namhlanje indoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, owesifazane oneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, behlela kudokotela ukwenza amalungiselelo okuba nengane na? Ngani, bebeyothi, "Kungcono ubeke iso lakho kulelokhehla, kukhona okungalungile ngalo."

73 Kodwa wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, yilapho okukhona. Akakhathalelanga ukuthi udokotela wathini, wayazi ukuthi uNkulunkulu wathini. Manje, akukho okungalungile ngodokotela, kodwa udokotela nje wayengazi ukuthi uNkulunkulu wayetheni.

74 Ungathini nje uhamba, uthi, "Manje, Sara, yehlela ezansi nedolobha futhi uthole yonke ingubo emagqabhagqabha nophini, futhi silungiselele yonke into manje, ngoba sizoba nengane"? Nodokotela angahle amhlole, futhi ngokoqobo wayeyinyumba. Ngani impela, owesifazane oneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala wadingeka abe njalo. Yini enye eyayingaba yikho na?

75 Futhi manje qaphelani, Akazange amnike ingane iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva. Kodwa ngaso sonke isikhathi, ba . . . "U-Abrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo." Yilokho engikuthandayo. Enika uNkulunkulu udumo.

76 Sengiyabona emva kwezinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, wathi, "Sara, S'thandwa, uzizwa unjani na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani."

77 Enye inyanga yedlula: "Sara, S'thandwa, uzizwa unjani na?"

"Akukho okuhlukile."

"Udumo, kuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu, sizoba nayo, noma kanjani."

78 Futhi ungacela uNkulunkulu ukuba akuphulukise, "Angizizwa ngingcono ekuseni." O, futhi indodana ka-Abrahama! Biza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, uNkulunkulu washo njalo.

79 "Wazi kanjani ukuthi uzoba nalengane na?"

"UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula."

80 O, beku—bekungeke yini kube kuhle kakhulu lokho ukuba nabantwana baka-Abrahama macala onke na? Bekuyoba yinto emangalisa kanjani pho!

81 Kwedlula iminyaka, iminyaka eyishumi: "Sara, kukhona ukwehluka okuzwayo na?"

"Lutho nakancane, Abrahama."

"Awu, udumo, sizoba nayo, noma kanjani, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Vele ugcine ophini bebekwe phezulu, iyeza, ungakhathazeki. Izoba khona lapho ngesikhathi. Kuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu manje emva kwalokhu."

82 Khona-ke asikwazi ukulinda kusukela osukwini olulodwa kuya kolunye, kal'khuni, kusukela ebusukwini obubodwa kuya kobunye ukuba sikhulekelwe. Futhi, nokho, uNkulunkulu wathi siyiNzalo ka-Abrahama nezindlalifa, ngokwesithembiso, khona-ke uMoya owawuku-Abrahama, impela awukho eBandleni, noma kukhona okungalungile. INzalo ka-Abrahama, isivumelwano senziwa naye, neNzalo yakhe emva kwakhe, kuze kube phakade. Isithembiso esinje pho! O, ngilithanda kanjani leloZwi likaNkulunkulu elibusisiweyo.

83 U-Abrahama wadingeka azehlukanise nezihlobo zakhe. Izikhathi eziningi kukubangela ukuba uzehlukanise nabangakholwayo bakho. "O," uthi, "Ngisindiswe izolo ebusuku, kodwa uyazi, uMartha, lo engigijime naye, uthi ukholwa ukuthi leso yisigejane sabagingqiki abangcwele."

84 Qaphela, dadewethu, usemhlabathini oyingozi, kungcono uzehlukanise naleyo endala engakholwayo, umdlalo wamakhadi i-khontrathi bhriji owethamelayo, lowo omdala wenhlaliswano, umdlalo wamakhadi owethamelayo, kungcono uzehlukanise, futhi uphume phakathi kwabangakholwayo. Impela.

85 UNkulunkulu ufuna abahlukanisi, izwe lifuna abaxubanisi, omunye osemusha, isikhulu saseHollywood, okama izinwele zakhe zibuyele emuva, bese efaka amakha ekhaleni lakhe, bese ehambahamba nencane, isayini ka, "*A-men*," oya kobhukuda, futhi adlale amakhadi, nemidlalo yokuwaka, nezinto ezinjalo, uvumela konke lokho, futhi angeke atshele ibandla iqiniso, atshele abesifazane ukuthi bangagqoka njengoba befuna, "Lokho kulungile, lokho kuyifeshini endala." Akakabi nje yiNzalo ka-Abrahama okwamanje.

86 Ngingaqoka ukuba nomuntu oshumayela ebandleni lami obengabazi ngisho o-ABC bakhe, noma wazi uphizi ohlukanisiwe ekhofini, uma ubemazi uKristu emandleni okuvuka kwaKhe, ngingaqoka ukuba naye kunabo bonke abafundi nezifundiswa ezinkulu ukuthi lemishini yokuchamsela ingazichamsela emishinini yabo yesayense yezenkolo. Angiqondile ukuba luhlaza, kodwa nje ngibeka amaqiniso. Sifuna abesilisa nabesifazane abazi uNkulunkulu, bezahlukanisa nokungakholwa.

87 Izikhathi eziningi futhi . . . Ngaso sonke isikhathi, ukuthi umuntu wake wenza noma yini efanelekile noma yini, wahamba yedwa noNkulunkulu. Kodwa sicabanga ukuthi sifanele sibe nento ethize enkulu esizungezile ukusivikela. Ikholwa li, leloqembu leziNgelosi, uMoya oNgcwele uphelekezelwa ngapha nangapha, iziNgelosi zikanisile, azinyakazi, zihlala nabo ngqo, labo abesaba iNkosi, zibhekisisa wonke umnyakazo.

88 Ngesinye isikhathi umprofethi wayesezansi eDothani, u-Elisha, namaSiriya ayengenile, azungeza zonke izindonga, futhi ngenkathi uGehazi esukuma, wabuka phandle, wathi, "O, buka amaSiriya!"

Futhi u-Elisha, umprofethi omdala, wacikica amehlo akhe, waqalaza, wathi, "Ngani, baningi abanathi, kunabanabo."

UGehazi waqalaza, wathi, "Angiboni lutho." Mhlawumbe abaningi benu abakwenzanga izolo ebusuku, kodwa lelonenekazi eliyikhaladi likwenzile.

89 Wathi, "Nkosi, vula amehlo alomfana." Futhi ngenkathi uNkulunkulu evula amehlo akhe, nxazonke lowomprofethi omdala kwakuyiziNgelosi zoMlilo, nezintaba zazisemlilweni, nezinqola zoMlilo. Impela, waphumela lapho wayesebashaya ngobumpumputhe, hhayi ukuphuphutheka ngokomzimba, ukuphuphutheka ngokomoya. Abakuqondanga. "Nithi nifuna u-Elisha na?" Wathi, "Wozani, ngizonikhombisa ukuthi ukuphi." Wabaholela ngqo ekuqamekeleni. O, yebo.

90 Umhlaba wonke kulobubusuku uphuphuthekile ezintweni zikaNkulunkulu. Abakhethiweyo abambalwa bakaNkulunkulu nje bayakwazi ukubona izinto ezokwenzeka, ngoba bakubhekile.

91 Wabizelwa ngaphandle, wase-ke engena ezweni labezizwe, phakathi kwabantu bezizwe ukuba agogobale. Futhi lapho ngempela usuzelwe ngokusha, wehlukaniswa nezinto zezwe, ucelwa ukuba uhlale ezindaweni ezingaziwa, awukaze uhlale kuzo ngaphambilini, izindawo zaseZulwini kuKristu Jesu lapho uMoya oNgcwele wehla khona futhi Uzibonakalisa, futhi yilapho uNkulunkulu ememezela khona ukuthi UnguBani. Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Indawo enje pho ukuba kuyo!

92 Futhi manje qaphelani, wayenabantu ababekhuluma ulwimi olwehlukile, kodwa wayesesivumelwaneni sikaNkulunkulu. Kwase kuthi-ke emva kweminyaka eminingi eyedlula, emva kokuba esecishe abe neminyaka eyikhulu ubudala, wabuza iNkosi, "Lokhu kuzokwenziwa kanjani na?"

NeNkosi yathi, "Phuma lapha, Abrahama, futhi Ngizokukhombisa ukuthi Ngizokwenza kanjani lokho." Ngakho u-Abrahama waphuma.

93 Manje, ngifuna nilalelisise, sishaya nje izindawo eziphakeme ukuzama ukufinyelela endikimbeni. O, iZwi lihle kakhulu! Zisonge nje kuLo futhi awazi ukuthi ume nini.

94 Futhi Wathi, "Woza, futhi Ngizokukhombisa ukuthi Ngizokwenza kanjani." Futhi Wakhipha u-Abrahama, Wayesethi, "Ngitholele isithokazi esineminyaka emithathu ubudala, [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.), nembuzi yesikazi eneminyaka emithathu ubudala, futhi uNgitholele inqama eneminyaka emithathu ubudala, ijuba, nehobhe."

95 Futhi wasika isilwane kabili, wazenza zaba uhhafu, wazibeka phansi emhlabathini, kodwa akalinqumanga ihobhe nejuba. Ngakho u-Abrahama wabuyela emuva emva kokususa zonke izinyoni kukho kwaze kwafika ukuhlwa, nelanga laqala ukushona, manje-ke bhekisisani ukuthi kwenzekani ku-Abrahama.

96 O, bazalwane baka-Arminius, angiqondile ukuncinza izinzwane zenu, kodwa lalelani nje kancanyana. Angiqondile ukufuqela lokhu phakathi manje, kodwa ngifuna nilalele umzuzu nje.

97 Ngenkathi enza lokhu, u—ubuthongo obujulile bafikela u-Abrahama ukukhombisa ukuthi wayengahlanganise lutho nhlobo nakho, isivumelwano sasizoba ngokuphelele—ngokuphelele umusa kaNkulunkulu, ngokungenambandela. Kwakungelutho ababengalwenza, uNkulunkulu wayezokwenza ngaphandle kombandela. U-Abrahama waya kolala, "Abrahama, usuphumile esithombeni." Kwase kuthi-ke ngenkathi eyolala, kusho ukuthi uzofa. Ukufa kusilindele sonke. Kwase kuthi emva kwalokho wabona esikhulu, isithando

somlilo esishunqayo, futhi lapho lesosithando siqala ukushunqa, sasimele isihogo; sonke isoni sihlalelwe isihogo.

98 Futhi yini isoni na? Indoda ephuzayo na? Indoda ephingayo na? Yini isoni na? Ongakholwayo. Akunandaba ukuthi ukholwa kangakanani nokuthi ungcwele kangakanani, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Ubungcwele bakho bebungebe yilutho olufana nokwenyukela kubaFarisi nabaSadusi. NoJesu wathi, "Ningabakayihlo, udeveli. Futhi imisebenzi kayihlo, niyoyenza. Ongakholwa uselahliwe vele." Futhi wonke ongakholwayo ufanele aye esihogweni.

99 Khona-ke ngaleya kwalokho, wabona okuncane, ukuKhanya okumhlophe. Manje, bhekisisani ukuthi lokhu okuncane, ukuKhanya okumhlophe kwenzeni: Kwedlula phakathi kwalezozingcezu ezisikiwe zesilwane, uNkulunkulu enza isivumelwano saKhe no-Abrahama, ekhombisa ngaphambili Ayezokwenza.

100 Manje, kube yinhlanhla yami ukushumayela iVangeli ngokuphathekayo emhlabeni jikelele izikhathi eziningana.

101 Manje, eMelika, uma wena nami senza isivumelwano omunye nomunye, singahle sehle futhi sidle kancane, bese-ke sixhawulana. "Ngizovuma ukwenza lokho, mfowethu, ngizoza ebandleni lakho ngosuku olu*thize-thize*." Futhi siyaxhawulana, leso yisivumelwano.

102 Manje, eJapani, lapho benza isivumelwano, bathola ibhokisi elincane likasawoti. Futhi lapho benza isivumelwano sabo omunye nomunye, baphosa usawoti komunye nomunye, leso yisivumelwano eJapani.

103 Kodwa emazweni aseMpumalanga indlela abenza ngayo isivumelwano, bathatha isilwane, futhi babulala lesisilwane, futhi bama phakathi kwalabophisi abafile bomzimba, ophisi bomzimba ofile, njalo, futhi njengoba bema phakathi kwalabophisi, babhala isivumelwano: "Ngiyavuma ukwenza *ukuthi-nokuthi*." Bese-ke besidabula, indoda eyodwa ithatha uphisi owodwa, enye omunye, futhi babamba izandla zabo futhi bafunge, uma lesisivumelwano sephuliwe, imizimba yabo mayibe njengezilwane ezifile. Kodwa lapho lesosivumelwano sivunywa, saqiniswa, bobabili labophisi bafanele bahlangane okwesisila sejuba omunye nomunye, ubungeke ukubhale ukusindisa impilo yakho ukukwenza kuhlangane okwesisila sejuba naso, naso sonke isiqephu esincane salelophepha sifanele sisikeke ngqo ngokuphelele nje.

104 Wayekhombisani uNkulunkulu lapha na? Nakhu Ayekukhombisa, ukuthi Yena ngokufa kukaJesu Kristu, iNdodana yaKhe, ngaleyonqama, nalowomhlatshelo ulele lapho, Wenza isivumelwano nabantu. Futhi ngenkathi Ethatha ukuphila kweNdodana yaKhe uQobo eKalvari, WaYidabula wayehlukanisa phakathi, futhi Wayesethatha umzimba

wawuyisa eZulwini, wase ewubeka ngakwesokunene saKhe, Wathumela uMoya uphuma kuYo, uMoya oNgcwele, ubuyele emhlabeni.

105 NoMoya oNgcwele ofanayo owawukuJesu Kristu, uzofanele usebenze eBandleni laKhe ukubenza baqondane ndawonye oHlwithweni, kungenjalo Lingeke lenyuke ngalesosikhathi. UMoya owawukuJesu uzofanele ube seBandleni laKhe, kungenjalo iziqephu ezimbili ngeke zihlangane okwesisila sejuba ndawonye, ukuphila kweBandla nokuPhila kukaKristu ngeke kwahlangana okwesisila sejuba ndawonye. Umzimba uhlezi lapho ukwenza ukubuyisana, ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, noMoya useBandleni.

106 Likuphi iBandla na? Likuphi iBandla namhlanje ukuthi uJesu Kristu uyaphila, futhi enza, futhi enza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni na? Kodwa iBandla lilapha, Alisilo noma yiliphi ihlelo elithize, kodwa Lenziwe ngawo onke amahlelo eliyiNzalo ka-Abrahama, futhi lazalwa ngokusha ngoMoya oNgcwele. Lelo yiqiniso.

107 Wathi, "Ngizokwenza kanjalo-ke, Abrahama. Awuzukuzihlanganisa ngalutho kukho, kanjalo neNzalo yakho ayizukuzihlanganisa ngalutho kukho, kodwa Ngizokwenza." Amen. O, ngiyethemba niyakubona lokho.

108 Qaphelani, khona-ke ngenkathi u-Abrahama eneminyaka eyikhulu ubudala, amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, esahlukweni 17 seNcwadi kaGenesisi, amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, futhi lokho bekuyokwenza uSara abe neminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, besalokhu benika uNkulunkulu udumo, beMnika udumo, ngoba balikholwa iZwi laKhe, bazi ukuthi LaliyiQiniso, noNkulunkulu wabonakala ku-Abrahama futhi, futhi ngalesisikhathi ngenkathi Ebonakala kuye, Wabonakala kuye eGameni likaNkulunkulu uSomandla. NoNkulunkulu uSomandla ngesiHeberu ngu-El Shaddai.

109 Manje, igama elithi *El* lisho ukuthi, "Nkulunkulu," *shad* kusho, "ibele," ibele njengowesifazane, u*shadayi* ngubuningi: "onamabele." Ngakho-ke, Wabonakala ku-Abrahama njengoNkulunkulu onamabele, Onamandla. "Ngiyinduduzo yakho, Ngingamandla akho okuqina. Uyikhehla u-Abrahama, izinsuku zakho—zakho sezihambile mayelana namandla okuqina, kodwa ngingu-El Shaddai." (Hhayi nje oyedwa, kodwa ababili, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.") "Ngingu-El Shaddai, vele wencike esifubeni saMi, futhi uncele amandla akho abuye futhi."

110 Futhi UsenguNkulunkulu uSomandla ukuthi noma yimuphi umntwana okholwayo ka-Abrahama angakwenza, uma enesono,

UnguJehova-Jira, ngebele elilodwa; uma egula, UnguJehova-Rafa, ngakolunye uhlangothi.

111 Futhi njengencane nje, ingane egulayo etetemayo futhi ebuthakathaka, unina uyayiqukula, uyibeka ebeleni lakhe, nengane encane iqala ukudonsa amandla kamama okuqina ngebele. Futhi thina, esilahlekelwe yimpilo yethu, sigula, sigijima sehla, senzani na? Senyukela kuJehova ngokukholwa, sincika ebeleni laKhe, isithembiso saKhe, futhi lapho sidonsa amandla ethu okuqina esithembisweni saKhe.

112 Amadodana ka-Abrahama ayesabi ukwenza lokho, ebusweni banoma yini, bayolokhu bekukholwa futhi babambelele kukho, amadodana ka-Abrahama, u-El Shaddai.

113 Akusiyo ingane kuphela—akusiyo ingane kuphela idonsa amandla ayo okuqina, kodwa yenelisekile ngenkathi isadonsa. Lapho ingane incela, iyathula, iyancela, ngakho yenelisekile inqobo nje uma idonsa amandla ayo okuqina. Futhi uma ikholwa like labamba uNkulunkulu ngesithembiso saKhe, nakuba isandla salo sisakhubazekile, umdlavuza walo usabonakala, lenelisekile, lidonsa amandla alo okuqina esithembisweni sikaNkulunkulu. Amen.

114 Uzongibiza ngomgingqiki ongcwele, noma kanjani, ngakhoke usungavele uqale nje manje.

115 O, kwanele ukukunyakazisa uma kukhona okukuwe ukuba kunyakaze! Yebo. Lapho uMoya oNgcwele unikeza isithembiso sikaNkulunkulu, nekholwa liyasibamba, bonke odeveli abahluphayo abakwazi ukulisusa lapho. Lima lapho, liyobiza yonke into, ukufa qobo lwakho, liyokushaya indiva ebusweni, lapho uNkulunkulu elinike isithembiso. Amen.

116 El Shaddai, "Ngiyisifuba sakho, Abrahama, ngizokwenza kanjalo-ke."

117 O, besingathanda kanjani ukuba nesikhathi ukubamba amanye amaphuzu avelele amakhulu, kodwa siza ekupheleni ukuze sivale. Asifuni ukunigcina isikhathi eside kakhulu.

118 Qaphelani, lapho isikhathi siqhubeka, u-Abrahama, uNkulunkulu wabonakala ku-Abrahama, futhi wamtshela ukuthi Wayezokwenzani. USara wakhulelwa futhi wazala umntwana, futhi ngenkathi eletha umntwana, u-Isaka omncane, lapho esecishe abe neminyaka eyishumi nambili ubudala, uNkulunkulu wathi manje, emqondweni waKhe, "Ezansi le ekuvalweni kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe, phezulu endaweni ebizwa ngeWaterloo, mhlampe, Ngifuna ukwenza isithembiso saMi siqiniseke ngenkathi Ngisenomuntu lapha ongaNgethemba, Abrahama."

119 Wathi, "Abrahama, Ngikutshelile, uyoba nguyise wezizwe eziningi, nenzalo yakho iyoba njengezinkanyezi zothuli. Manje ngifuna uthathe indodana yakho okuwukuphela kwayo,

indodana yesithembiso, futhi Ngifuna uyikhuphulele entabeni ethize, lapho eNgizokukhombisa khona, futhi lapho Ngifuna uyibulale ibe ngumhlatshelo." Kufanele ukuthi lokho kwamenza wazizwa enjani, indodana yakhe eyodwa vo!

120 Manje u-Abrahama cishe uneminyaka eyikhulu neshumi nanhlanu ubudala. Impela. USara, khona-ke cishe uneminyaka eyikhulu nanhlanu ubudala. Futhi nangu u-Isaka omncane, omncane, umfana onekhanda elisongekile ophakeme *kangako*, omncane, umfana oyiJuda, induduzo enje pho ayeyiyo kubazali bakhe kulokho kuguga!

121 Ucabanga ukuthi u-Abrahama wazizwa kanjani, ukuba wayedingeke ahambe ayotshela uSara na? "Sara, sizothatha umfanyana wethu kusasa, futhi ngenyukela entabeni, ngizomnquma umphimbo wakhe, ukuze nje abantu babe nesiqiniseko." Kufanele ukuthi kwamenza wazizwa kabi kakhulu, ngakho akazange amtshele uSara. Ngakho wathola izinceku ezithile, futhi wabophela umnyuzi, futhi wathola izinkuni.

122 Qaphelani, u-Abrahama wahamba uhambo lwezinsuku ezintathu esuka empucukweni, uhambo lwezinsuku ezintathu phakathi ehlane. Noma yimuphi umuntu ojwayelekile namhlanje lapho sinezinyawo zikapetroli, angahamba amamayela ayishumi nanhlanu noma angamashumi amabili, mhlampe wayengahamba, asithi, amamayela angamashumi amabili-nanhlanu ngosuku. Lapho wayengamamayela angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ehlane. Futhi emva kwalokho, waphakamisa ikhanda lakhe, futhi kude le, wabona intaba uNkulunkulu ayemkhombise yona embonweni. Lokho mhlawumbe kwakuyi, mhlawumbe, amanye amamayela angamashumi amahlanu noma ngaphezulu. Futhi wafika ohambweni, manje useqhele ngamamayela ayikhulu noma ngaphezulu empucukweni. Futhi ngiyakuthanda nje lokhu, uGenesisi 22.

123 Wamisa iminyuzi, wehlisa zonke izinkuni, wazibophela emhlane ka-Isaka, kumele uNkulunkulu enikela ngeNdodana yaKhe isiphambano sisemhlane waYo, futhi wazibophela emhlane ka-Isaka, wafaka ummese phansi esikhwameni sawo, wacosha umlilo, futhi wathi ezincekwini, lalelani, ngokusondele manje, "Lindani lapha neminyuzi, indodana yami nami sizoya ngaleya futhi sikhonze, futhi thina, indodana nami, sizobuya." Niyakuthola na? Ubuya kanjani na? Angabuya kanjani uma eyenyusela lapho ukuba ayibulale na? "Lindani lapha neminyuzi, indodana nami sizoya ngaleya futhi sikhonze, futhi sizakubuya."

124 O, he! Ngi—ngizizwa ngingekho kahle, cishe impela, ngiqagele. Wayazi ukuthi wayemukele u-Isaka njengovela kwabafileyo, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi

ukumvusa kwabafileyo, ngoba Wayenze isithembiso. “U-Isaka nami sizobuya.”

125 Umfo omncane, esemncane kakhulu ukwazi ukuthi konke kwakumayelana nani. Basho bakhuphuka igquma, bafika phezulu lapho esiqongweni salentaba enkulu, base-ke begingqa amadwala athile. U-Abrahama wathula izinkuni emhlane ka-Isaka, umfanekiso kaKristu ethwele isiphambano saKhe phezulu entabeni, iminyaka ezayo, ukuba afele izono zezwe, Ozelwe yedwa nguBaba.

126 Futhi lapho esiqongweni sentaba, wabeka izinkuni ngokuhlelekile, wathatha umlilo futhi wabasa umlilo, no-Isaka omncane wathi ukuba nokusola, wayesethi, “Baba wami?”

Wathi, “Yebo, ndodana yami, ngilapha.”

Wathi, “Nanti i-altare, nazi izinkuni, nanku umlilo, kodwa liphi iwundlu lomnikelo wokushiswa na?”

127 Manje, uzomphendula athini na? Uzokusho kanjani na? UNkulunkulu usifaka kwezinye izimo ezimbi kabi ngezinye izikhathi ukukhombisa nje uthando lwaKhe nomusa kithi. Wathi, “Ndodana yami, uNkulunkulu uzoZibonela iwundlu lomhlatshelo.” O, ngifisa sengathi lokho bekungazika kujule! “UNkulunkulu uzohlinzeka iwundlu lomnikelo wokushiswa.”

128 Ngakho wathatha u-Isaka omncane wayesemphendula, wabopha izandla zakhe nezinyawo zakhe, wambeka phezu kwamadwala, wahlehlisa izinwele zakhe ebusweni bakhe, wahosha ummese, wabamba ikhanda lakhe elincane waliqethukisa, wathi ukuba nga*le*ndlela, wathatha ummese esandleni sakhe, waphakamela ngaseZulwini, wayesebheka kuNkulunkulu Owamnika isithembiso, waphakamisa isandla sakhe ukugwaza indodana yakhe uqobo ife, futhi cishe ngalesosikhathi uMoya oNgcwele wabamba isandla sakhe, wathi, “Abrahama, Abrahama, mana. Awume kancane, Abrahama. Ngiyabona ukuthi uyaNgithanda futhi uyaNgethemba.”

129 Futhi cishe ngalesosikhathi, iwundlu lakhala, lihhukeke ngezimpondo zalo, inqama, imvu yeduna, ihhukeke ngezimpondo zayo ehlane, uKristu esimweni semvu.

130 Ngifuna ukunibuza okuthize: Yavelaphi leyonqama na? Uqhele ngamamayela ayikhulu empucukweni, phakathi kwamabhubesi, nezingwe, nezilwane ezaziyo. . . nezimpisi, nezinja zasendle, amamayela ayikhulu emuva. Akusikho lokho kuphela, kodwa ithe ngqu phezulu esiqongweni sentaba lapho okungekho-manzi khona. Yavelaphi leyonqama na? Kwakungesiwo umbono, ngoba wathatha inqama futhi wayibulala, negazi lathululeka kuyo, kwakuyinqama yangempela. Yavelaphi na? UJehova-Jira wayehlinzeke leyonqama. UNkulunkulu wakukhuluma kwaba khona

ngomzuzu owodwa, futhi kwaphuma kwabakhona komunye umzuzu, ngokuba uNkulunkulu uyakwazi ukwenza noma yini Afisa ukuyenza.

131 Futhi kulobubusuku, UsenguJehova-Jira, “INkosi izohlinzeka umhlatshelo.”

132 Omunye wathi ngolunye usuku, “Mfowethu Branham, uqonde ukungitshela ukuthi uyakholwa ukuthi izwe lizobhujiswa na? Ubungalibhubhisa kanjani izwe lonke na?”

133 Ngathi, “IZwi likaNkulunkulu elifanayo elakhuluma laba khona liyakwazi ukulikhuluma lingabe lisaba khona, ngoba Wathi liyokwenza.” UnguJehova-Jira, uMhlatshelo ohlinzekwe yiNkosi.

134 UnguMhlatshelo ohlinzekiwe kulobubusuku wezono zakho; UnguMhlatshelo ohlinzekiwe kulobubusuku wokugula kwakho.

135 Uthi, “Mfowethu Branham, udokotela uthe nganginomdlavuza, futhi yayingekho indlela kimi ukuba ngiphulukiswe.”

Uyaqonda ukuthi Wathi UnguJehova-Jira, “NgiyiNkosi ephulukisa zonke izifo zakho”?

136 Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngibe nesono kakhulu, ngikholwa ukuthi ngeqe umugqa ohlukanisayo.”

Qhabo, awukaze, kungenjalo ubungeke ube lapha kulobubusuku.

137 “Angangenzela kanjani ukubuyisana, ngephule izifungo zami zomshado, ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*.”

UnguJehova-Jira, uMhlatshelo ohlinzekwe yiNkosi.

138 Uma ungale kwethemba, uma wephule yonke imiyalo, uma wenze konke okukhona eBhayibhelini obungafanele ukwenze, ngaphandle kokuhlambalaza uMoya oNgcwele, uNkulunkulu unoMhlatshelo ohlinzekelwe wena. UnguJehova-Jira, Uguqula zonke izimo, akukho lutho olungama eBukhoneni baKhe.

139 Uma uyiNzalo ka-Abrahama, kukholwe, futhi uma uyiNzalo ka-Abrahama, uyakukholwa. Futhi uma u-Abrahama wayengenza lokho ngaphandle kweZwi elilotshiwe, besifanele kakhulu kangakanani ukukwenza ngeZwi elilotshiwe, nokuqinisekiswa kukaMoya phakathi kwethu na? UJehova-Jira!

140 O, malibongwe iGama laKhe! U, uMhlatshelo ohlinzekwe nguNkulunkulu wezoni, amandla ahlinzekwe nguNkulunkulu okuphulukisa abagulayo.

141 Manje kulobubusuku, phakathi kwayo yonke lenxushunxushu esinayo ezweni, uNkulunkulu wathembisa, uKristu wathembisa ukuthi lezizinto ziyokwenzeka ngalolusuku, ukuthi Uyovuka kwabafileyo ngosuku lwesithathu, futhi ngezinsuku zokugcina izikhathi ezinzima

ziyofika, lapho abantu bengekwazi neze ukuhlala futhi balalele umlayezo wemizuzu eyishumi nanhlanu, izikhathi ezinzima ziyofika, abantu bayoba ngabazithandayo, “Awu, nginguDkt. *S’bani-bani*, makuthi abanye balabobagingqiki abangcwele bangitshele ukuthi ngi . . . ”

142 “Abazithandayo, abazidlayo, abahlambalazayo, abangalaleli, abangabongiyo, abangengcwele, abangenaluthando lwemvelo—lwemvelo, abangenakuthuliswa, abangenabumnene, nabazonda abalungileyo. Abakhapheli, abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunoNkulunkulu, benesimo sokumesaba uNkulunkulu,” beya esontweni, yonke into, “kepha amandla akho bewaphika, labo-ke wobagwema.”

143 Ibandla lingake lize libe kanjani ngaleyondlela neBhayibheli libekwe phambi kwalo na? UnguJehova-Jira. NguYe Owakukhuluma, yileyondlela okuyoba ngayo. Kukhulunyiwe, kulotshiwe, futhi yileyondlela okuyoba ngayo.

144 UJesu wathi, “Lezizinto eNgizenzayo.” Ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka, Wambheka, Wabona ukuthi wayengubani, Wamtshela inkathazo yakhe.

145 Umuntu uyenyuka, Wamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani, ukuthi wayengubani, Wazazisa kanjalo-ke Yena uqobo kubantu, ukuthi WayenguBani.

146 IJuda lathi, “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, ngoba Wenze lokhu.”

147 UmSamariya wathi, “Siyazi uMesiya uyeza, uzositshela lokhu, kodwa UnguBani na?”

Wathi, “NginguYe.”

148 Uyafika, wathi, “Nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lowo na?”

149 Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. nokho niyoNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza esikhathini sokuphela. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

150 “Kungenziwa kanjani, Mfowethu Branham na?”

UnguJehova-Jira, Uzokwenza.

151 Futhi uma babiza iNkosi yendlu, ngoBelzabule, uzobabiza kakhulu kangakanani labo abendlu na?

152 Ngenkathi Ebatshela iqiniso, bonke bamuka, ngisho namashumi ayisikhombisa. Wabuka kubantu baKhe abancane abayishumi nambili ababemile futhi besalokhu beMkholwa emva kwalowomlayezo, Wathi, “Niyafuna ukuhamba, nani na?”

Wathi, “Nkosi, singayaphi na?”

Ngoba Wayethe, “Nganazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, nganimisela ekuPhileni okuPhakade. Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.”

153 Ngithi kulobubusuku: LeyoNkosi uJesu efanayo eyahamba oLwandle lwaseGalile ivukile kwabafileyo futhi ikulendlu kulobubusuku. UJehova-Jira entabeni, lapho u, u-Isaka anikelwa khona, uJehova uNkulunkulu ofanayo owamisa isandla sika-Abrahama ukulesisakhiwo kulobubusuku. “Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo. Noma yini abavumelana phezu kwayo, njengokuthinta into eyodwa futhi bacele, bayokwemukela.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

154 . . .kungephulwa. Ngizonibuza khona-ke, sesicishe impela sibe leyithi ngomugqa womkhuleko. Ngiyazibuza ngaphambi komugqa womkhuleko, uma singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

155 Sewake wahlangana nalowo Jehova-Jira na? Sewake wahlangabezana nezimo Azisho, ukuthi Wethembisa ukuPhila okuPhakade kulabo abaningi abayokholwa kuYe na? Ubeyoluguqula lololaka onalo ube ngonomoya omuhle, umuntu othobile. Ubeyokwenza uyeke ukuqamba amanga, futhi ukhulume iqiniso.

156 O, wena uthi, “Mfowethu Branham, ngi—ngiyilunga lebandla.”

Lokho kulungile.

“Ngibhaphathiziwe.”

157 Lokho kulungile, kodwa uma lokho kuPhila kukaKristu kungekho kuwe, ufile. Lokho kuphila onakho okunikelwe yizwe, uNkulunkulu wakulahla ekuqaleni. Niyazi, ungeke wakupholisha, ungeke wakuguqula, kuzofanele kufe, ukuze uKristu azalwe kuwe. Ningadukiswa, bantu, uma uKristu engaphili kini ngokuzalwa okusha okuguqula imvelo yakho yonke, isimo sokuziphatha, nakho konke, ulahlekile. USathane akakhathali ukuthi ulunge kangakanani. Ukuba ukulunga kwakumsindisile umuntu, uJesu wayengeke adingeke afe.

158 Khumbulani, uKayini wayelunge nje njengoba u-Abela wayenjalo, ekholwa impela nje. Bobabili bakha i-altare, banikela ngomhlatshelo, baguqa phansi futhi bakhuleka, bobabili babenebandla, bobabili babenobulunga, bobabili bakhuleka, bobabili wayeqotho, kodwa uNkulunkulu waqinisekisa u-Abela ngokungaphezu kwemvelo.

159 UMowabi wayengumuntu olungileyo nje, wanikela ngama-altare ayisikhombisa, nezinkunzi eziyisikhombisa, nezinqama eziyisikhombisa, ngokufanayo nje njengoba u-Israyeli enza, kodwa u-Israyeli wayenesibonakaliso seNsika yoMlilo,

wayengesilo ihlelo, wayengumhlali wasematendeni nje. Kodwa wamzonda umfowabo, ngoba uNkulunkulu wayenaye.

160 "Niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yeGama laMi," kwasho uJesu.

161 Uma ungakazalwa ngokusha, futhi ufuna uKristu enhliziyweni yakho, futhi ufuna uJehova-Jira ahlinzeke, lomzuzu, insindiso yakho ngawe, ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu na? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye umuntu na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Khona manje, Nkosi, manje ngi—ngiyawemukela lowomhlatshelo wami. Sengibe sebandleni isikhathi eside, kodwa angikaze ngibe kahle enhliziyweni yami." UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, ntombi.

162 "Kade ngisebandleni . . ." Wonke umuntu, amakhanda ekhotheme, onke amehlo evaliwe. "Kade ngisebandleni isikhathi eside, Mfowethu Branham, kodwa ngiyazi enhliziyweni yami, impilo yami uqobo iyafakazisa ukuthi angisikho lokho ebengifanele ngibe yikho."

163 Futhi niyazi, singahle sibe yimilotha ngaphambi kokusa. Kungani uthatha ishansi entweni enjengaleyo, isiphetho somphefumulo wakho saPhakade na? Phakamisa isandla sakho kuNkulunkulu. Yiba qotho. Beningakwenza na? UMlayezo ukini. UMoya oNgcwele ulapha. Uma ungakazalwa ngokusha, uma ungamazi uNkulunkulu, khona-ke Yena engowangempela, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele emphefumulweni wakho, khona-ke yilokho kuPhila kuphela okuyoke kukuvuse.

164 Uma imbewu itshalwe emhlabathini, akunandaba ukuthi imbewu ibukeka iyinhle kanjani, ukuthi iphelele kanjani, uma ingaqhumi, iyobola ilale lapho; uma iqhuma, iyovuka futhi. Akunandaba ukuthi ulunge kangakanani, ukuthi uyidikoni kangakanani, umshumayeli, umelusi, umfundisi, Umuntu kaSonto sikole, noma ngabe ungubani, ukuthi umemeze kakhulu kangakanani, ukuthi usine kanjani, noma yini oyenzile, zingaki izithunywa zenkolo owazithumela ensimini, lapho ufa, ufile uma uMoya oNgcwele engekho lapho ukuba akuvuse, uma umoya wakho ungakaguqulwa ube kulowoMuntu kaKristu Jesu.

165 Uma ungenakho, ungasiphakamisa isandla sakho na? Kanye futhi manje, futhi sizokhuleka. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, ngapha. Lobo ubuqotho. Angiyazi inhliziyo yakho, uNkulunkulu uyayazi. Kulungile, asigcine amakhanda ethu ekhotheme umzuzwana nje.

166 Nkosi ethandekayo, kunezandla eziningi eziphakamile lapha kulobubusuku, bayaqonda ukuthi banephutha. Makuthi bona ngalesisikhathi, uma beqotho, engikholwa ukuthi banjalo,

makuthi bona manje, O Nkulunkulu, bakhulume kuJehova-Jira Obahlinzekele indlela yokuphunyuka ukuze baphunyuke kuzo zonke lezizinto ezimbi eza emhlabeni, benyukele oHlwithweni ngaphambi kokuba lokhu ukuhlupheka okukhulu kushaye umhlaba. Siphe khona, Nkosi, kwangathi bangasindiswa ngalelihora, njengoba bekholwa kuKristu.

167 Kwangathi kulobubusuku, njengoba belele emqamelweni wabo, kwangathi, ngaphambi kokuba bayolala, bathatha leyoNcwadi, leyoNcwadi yezincwadi, bafunde kuYo, babone ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso. Kwenze, Nkosi, sindisa labo abasindisekayo. Wena ubazi bonke, futhi ngibakhulekela lomkhuleko. EGameni likaJesu. Amen.

168 Ngileyithi kancane nje. (Uwakhiphile amakhadi omkhuleko na?) Angikholwa ukuthi ngizobiza amakhadi omkhuleko, ngikholwa ukuthi ngizoma khona lapha. Ngazi into eyodwa, ungahle ukuba awuwuqondanga kahle umlayezo kulobubusuku, ungahle ucabange ukuthi bengiluhlaza ngikhuluma nawe, kodwa uMoya oNgcwele ufuna ube nalokho. Kunjalo. Ngingumfowenu nje, kodwa ngi . . . Futhi niyazi a—angifundile, angenele ukuba ngumfundisi noma umshumayeli, kodwa ngiyamazi engiMkholiwe, futhi ngiyazi ukuthi Ulapha, futhi ngiqinisekile ngokugcwele ukuthi Unamandla ukugcina lonke iZwi Alethembisa kuleNcwadi.

169 Bangaki kini phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko, futhi abafuna ukukhulekelwa na? Phakamisani izandla zenu, nina eningenawo amakhadi omkhuleko, akukho-makhadi omkhuleko. Kulungile. Hloniphani ngokuzithoba. Uma uMoya oNgcwele . . .

170 Manje, omunye wathi, futhi ushilo isikhathi esiningi, “Mfowethu Branham,” ukuthi, “omunye uthatha ikhadi labo lomkhuleko bese ebhala kulo, futhi bacabanga ngalokho okusekhadini labo lomkhuleko, futhi uyakufunda, ukufunda ingqondo.”

171 Lowo ngudeveli! Kunjalo impela.

172 Kulobubusuku, wena onekhadi lomkhuleko, angifuni; nguwe ongenalo ikhadi lomkhuleko engifuna ukukhuluma naye. Ngiyakuzwa lokho enhliziyweni yami khona manje. Manje, ngifuna nonke nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Angisho ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, kodwa uma Ekwenza, kuzoba kuhle kakhulu. Bekufanele . . .

173 Nansi inkathazo yakho bandla, ngilaleleni, ngiyanithanda, niyazi ngiyakwenza lokho, kodwa into yakho ingukuthi, ni—nifunzwe izimfundiso ngemibono eminingi kakhulu ehlukene, nize ningazi ukuthi nenzeni. Manje, lelo yiqiniso. Isimangaliso esisodwa esinjalo besingenzeka phakathi kwamaLawu, ezansi eJapani, ngale kwamanye alawomazwe lapho, nezinkulungwane ziyothululeka kuKristu ngesikhathi esisodwa. Kodwa thina,

lapho iNkosi yenza okuthize, wena uthi, “A-hha. O, ngiqagele lokho bekungalunga.” Yisimo sakho sokuziphatha!

174 Manje, anginithethisi. Kodwa mfowethu, sifanele sihlale ndawonye ePhakadeni. Futhi ngifuna nazi iqiniso, nguMlayezo othunyelwe uvela kuKristu uya eBandleni laKhe. Futhi ngi . . . Kuleliviki nje, mhlawumbe kusasa ebusuku ngiqala, angazi, ngiyakuthola emBhalweni lapha ukufakazisa kini ukuthi isikhathi sethu asisekho. Ibandla, nina nakha, nina belusi nakha amabandla ayisigidi samadola, noKristu elungele ukuza noma ngasiphi isikhathi, nezithunywa zenkolo ensimini, zifela imali encane ukuba ziqhubeke, kukhombisa ukuthi nilahlekelwe umbono.

175 UMose nakho konke ukufundisa kwakhe, kwathatha uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane ukukukhipha kuye, Wayesehlonyiswe kangcono emizuzwini emihlanu eBukhoneni baleyoNgelosi esihlahleni esivuthayo, kunoma wayenjalo eminyakeni engamashumi amane noma amashumi ayisishiyagalombili yokufundisa ayekade enayo. Imizuzu emihlanu eBukhoneni bukaKristu, wakhumula izicathulo zakhe, futhi wakuhlonipha.

176 Ngenkathi uMarta, ngenkathi uMariya, umfowabo kaMarta noMariya esefile, uLazaru, ngenkathi uMarta omncane ephuma, wayethumele ukuba uJesu afike, futhi Akakwenzanga. Bathola zonke izinhlobo zamaphutha kuYe, kubonakala kanjalo. Ngenkathi egijima ephuma ukuyoMhlangabeza, wayenelungelo lokuthi, “Buka lapha, sishiye ibandla lethu ukuba siKulandele, futhi manje, umfowethu u . . . Ukhulekele abagulayo futhi baphulukisiwe, futhi ngithumele kuWe ukuba uze ukhulekele umfowethu, futhi Umvumele alale lapho futhi afe, futhi ubesethuneni izinsuku ezine, ebola manje.” Wayenelungelo lokukwenza, wayenalo na? Impela wayenalo, ngokukhuluma ngokobuntu. Kodwa ini na?

177 Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekulowoMuntu. Wayefunde leyondaba yowesifazane waseShunemi, ukuthi wayazi kanjani ukuthi uNkulunkulu wayeku-Elisha, umprofethi, ngakho uma uNkulunkulu wayekumprofethi, impela WayeseNdodaneni yaKhe. Ngakho waphuma, wayesethi, ngenkathi ehlangana naYe, wathi, “Nkosi,” yilokho Ayeyikho, wasihlonipha lesoSiphiwo sikaNkulunkulu, wathi, “Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga. Kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokunika yona.” Nakho lapho okhona, nakho lapho okhona!

Wathi, “Nimmbelephi na?” Nakho lapho okhona.

178 Ukuba-ke wayephumele lapho wayesethi, “Awu, ukuba nje Ubuwenze *lokhu* kuphela, ngiyangabaza manje ukuthi ngabe Uqinisile ngempela noma qha”? Wayengeke neze aphume ethuneni, kodwa yizinhlonipho zakhe. Bukani izinkulungwane

ezafa ngalesosikhathi, niyabo, kodwa Wavusa abathathu, okuthathu ukuqinisa.

179 Manje, Wethembisa eZwini laKhe, izinto Azenza emuva lapho, Wathi, “Ngenza kuphela njengoba uBaba eNgibonisa.” Futhi ngenkathi . . . Indlela kuphela Azazisa ngayo Yena uqobo kubantu, yayingokubona umbono, ebatshela ukuthi babengobani, noma ukuthi yini eyayingalungile ngabo, noma into ethize efana naleyo. Waziqinisekisa Yena uqobo phambi kwabo bobabili umJuda nomSamariya, futhi baMqonda ngalokho. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso emBhalweni na? Zonke izandla zenu, niqonde ukungitshela abekho abanye abafundi beBhayibheli abangaphezu kwalokho phakathi lapha na? Kodwa lelo yiqiniso.

180 Ngenkathi uFiliphu efumana uNathanayeli, uNathanayeli uyabuya, futhi wamtshela, wathi . . . Lapho useBukhoneni . . . Watshela uPetru ukuthi wayeyini, nokuthi uYise wayengubani. UNathanayeli akakukholwanga, wahamba wangena ngqo eBukhoneni bukaJesu, noJesu wathi, “UngumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Ungaze nini, Rabi na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.”

181 Ngenkathi Eya kumaSamariya, owesifazane uyaphuma ukuyokha amanzi, Wathi, “Ngiphuzise.” Wakhuluma naye isikhashana, futhi—futhi wabamba umoya wakhe, Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Ubunayisihlanu.” Yayilapho-ke inkathazo yakhe.

Wathi, “Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto.”

Wathi, “NginguYe.”

182 Wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?”

183 Yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo ekupheleni kwesimiselo sesikhathi samaJuda, emuva lapho. Manje, ukuphela koweZizwe, Akazange akwenze lokho phambi kwabeZizwe emuva lapho, hlolani imiBhalo, nakanye, kodwa Uyakwenza manje, njengoba Ethembisa ukuthi Uyokwenza ekupheleni koweZizwe, ngaphambi kokuba Aphendukele eJudeni.

184 Ngingahle nginitshele okuthize. NgangiseCairo, eGibhithe, ngenyukela ePalastine, iJuda lizokukholwa, amaJuda afuna izibonakaliso, futhi azokukholwa. Futhi sasinesigejane sawo, ngangizokhipha izinkulungwane zawo. Ba . . . Ngenkathi uLewi Pethrus ethumela leloBhayibheli emuva lapho,

ngenkathi lawomaJuda ekhuphuka evela e-Iran, futhi ayebuka lawomaBhayibheli, athi, "Uma lona kunguMesiya," awazange ezwe lutho ngoMesiya, athi, "Uma loJesu enguMesiya, khona-ke asiMbone enza isibonakaliso somprofethi, futhi sizokukholwa." Impela bazokwenza, ngiyanitshela!

185 UJesu wathi, "Nxa nibona umkhiwane uhluma imiqumbe yawo ngaleya," ngenkathi lawomaJuda engena, inkanyezi enemicijo eyisithupha kaDavide indiza, okokuqala iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, ifulege elidala kunawo onke emhlabeni, baba yisizwe ngosuku lwesithupha, ngosuku lwesikhombisa lukaMeyi, ngo 1946, ngo—ngosuku lwesithupha, njalo, futhi ngolwesikhombisa, ngalolosuku, ngesikhathi esifanayo iNgelosi yeNkosi eyabonakala ngaso ezansi lapho yase ithumela loMlayezo. Kunjalo impela. Bekuyokushwiba ukwazi ukuthi kwenzekani.

186 Khona-ke ngangiseCairo ngqo, noMoya oNgcwele wathi, "Hhayi ngalelihora, buyela emuva." Futhi ngabuyela eRoma. Kunjalo. Akusilo nje ihora. Lapho iJuda lemukela iVangeli, oweZizwe useqedile, niyakwazi lokho, iminyango usuvaliwe. "Ongcolile, makazingcolise njalo; ongcwele, abengcwele njalo." Sekwenziwe. Abantu beZizwe, abantu baseMelika, hhayi njenge . . . bezama ukusho ukuthi yimi, uNkulunkulu uyakwazi lokho ngokusuka enhliziyweni yami, akunjalo.

187 Manje, uma lena kwakuyindawo ethize enkulu—enkulu nomunye umbhishobhi omkhulu ekhuluma, ubuyothi, "O, lowombhishobhi uyazi ukuthi ukhuluma ngani."

188 UNkulunkulu akazange asebenzane nokunjalo, hlolani imiBhalo futhi nithole ukuthi Wake wakwenza yini, ngitsheleni kanye Ake akwenza. Ngitsheleni kanye lapho Ake asebenzana khona nenhlangano yonke, uNkulunkulu usebenzana nomuntu ngamunye. Impela, Uyakwenza. Kodwa ngoba nje kuhamba . . . Niyabo, abantu uzofanele angene kuloluhlobo lwesimo ukuze uNkulunkulu Azibonakalise, bese kuthi-ke lapho ukwaHlulela kufika, Uthi, "Kwakulapho-ke."

189 Benazi yini, babengazi ukuthi u-Eliya wayengubani ngenkathi Elapha emhlabeni na? Wayengumuntu, iBhayibheli lathi wayenguye, "njengezinkanuko njengoba sinjalo."

190 Babengamazi uJohane umBhaphathizi, ngisho nabafundi bathi, "Kungani abaBhali bethi u-Eliyase umelwe ukufika na?"

UJesu wathi, "Usefikile vele futhi anikwazanga."

191 Manje, nina bantu abalungile abangamaKatolika, angifuni ukulimaza imizwa yenu. UPatrick oNgcwele, wayeyini, iKatolika na? Qhabo mnumzane. Wabhikishela ibandla eliKatolika. Kodwa emva kokuba esefile, bamqonda engongcwele futhi bamngcwelisa njengongcwele.

192 Bukani uFrancis oNgcwele wase-Assisi. Wayengubani na? Umshumayeli ohambayo neBhayibheli emakhwapheni akhe, enza izimangaliso, ehla, izinyoni zaqala ukutshwekeza, wathi, "Bodadewethu, thulani ngenkathi ngisashumayela iVangeli," futhi zathula. Wabhikishela ibandla eliKatolika, kodwa emva kokuba esefile, baqonda ukuthi wayengongcwele.

193 Lapha, kwabanye benu bantwana besikole lapha, kuthiwani ngoJoan ka-Arc na? Wayengongcwele, wabona imibono, wenze izimangaliso, ibandla eliKatolika lamshisela esigxotsheni. Kunjalo. Babengazi ukuthi wayeqinisile. Bathi wayeyini na? Umthakathikazi, uBelzabule, umoya omubi. Futhi emva kokuba esefile cishe iminyaka eyikhulu, bathola ukuthi babenephutha, ngakho bamba lowomzimba wompristi base bewuphosa emfuleni ukwenza ukuzihlawulisa. Manje bathi ungongcwele.

194 UNkulunkulu njalo uyakwenza lokho. Angeke enze noma yisiphi esinye isibonakaliso, ngoba Akabheki buso bamuntu, kubeqile ngaphambi kokuba bakwazi.

195 UKristu ulapha, Ukufakazisile ngokwesayense ngandlela zonke. Isithelo sikaMoya sizofakaza ngoMoya. Kholwa. Uma uKristu elapha, futhi emi lapha kulobubusuku, futhi ungumuntu ogulayo, uma ubuyothi, "Kristu, ngiphulukise," Ubengeke akwenze, Usevele ukwenzile. Kodwa Ubeyo . . . ubengakutshela into ethize ebiyokwenza okuthize, njengoba babenjalo . . . bona bevela e-Emawuse, ngenkathi Ehlephula lesosinkwa futhi wenza lesosimangaliso Asenza lapho, futhi babazi ukuthi akekho omunye umuntu owayengakwenza, baqonda ukuthi kwakunguYe, Wavuswa kwabafileyo.

196 Manje, uma Ezokwenza into efanayo kulobubusuku, bangaki abazoqonda ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi uzoMemukela njengo—njengokuXolelwa kwakho, njengoMphulukisi wakho na? UNkulunkulu akubusise. Kwangathi Angakupha khona.

197 Futhi, nonke aninalo ikhadi lomkhuleko, phakamisani izandla zenu, futhi niyagula, nifuna ukukhulekelwa. Anginandlela yokwazi.

198 Nanti inenekazi, lihlezi khona lapha esihlalweni esingaphambili. Angisho ukuthi Uzokwenza, nenekazi. Uphakamise isandla sakho, ubungenalo ikhadi lomkhuleko. Awunalo ikhadi lomkhuleko. Uyangazi na? Awungazi, awazi lutho ngami, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma Ezongembulela ukuthi yini oyihlalele lapho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uzokwenza na? Ngikubonile uphakamisa isandla sakho, ubugula, noma ubudinga okuthize, futhi—futhi . . . kuNkulunkulu, futhi uphakamise isandla sakho, ubungenalo ikhadi lomkhuleko. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaKristu

na? Manje, angisho ukuthi Uzokwenza, akukho . . . akukho lutho olumzungezile ngalesisikhathi, kuzofanele kuthathe uKristu.

199 Anginalwazi ukuthi yini engalungile kuwe, uyakwazi lokho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu bezokhipha izinkolelo-ze kubo. Niyabo? Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, kodwa uma uNkulunkulu ezokwembula, makuthi uNkulunkulu akwenze. Lapho Ebabuka, Wabona ababekwenza. UNkulunkulu eZulwini, OnguMahluleli wami, kuphenduka kube luhlaza okwesibhakabhaka kowesifazane, unento eshisekele. Ngiphakamisa isandla sami futhi kwaphenduka kwaba luhlaza sasibhakabhaka ngakowesifazane. Akusikho okwakhe, kungoko—u—u—umntwana, intombazane, nentombazane inovendle, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Kulungile. Uma uzokholwa, khona-ke ungakwemukela okucelayo. Amen.

200 Bangaki okholwayo na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kuthiwani ngalapha na? Abanye benu bantu, niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, ngapha na?

201 Lelinenekazi elihlezi khona phansi lapha likhothamise ikhanda lalo, likhuleka. Lifake ibhantshi elibukeka liluhlaza okwesibhakabhaka, phansi ngqo phakathi lapha, kukhona lokho kuKhanya kumi phezu kowesifazane. Uma iNkosi uJesu izongitshela ukuthi yini oyizele lapha, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uhlushwa umfutho wegazi ophansi. Kunjalo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na?

202 Ohlezi eduze kwakho lapho, unenkathazo yesisu, nenkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, mnumzane na? Kulungile. Phakamisani izandla zenu futhi nikwemukele. Khona lapha. Kulungile. Yima ngezinyawo zakho, hambisa izandla zakho emuva naphambili, nyakazisa umhlane wakho emuva naphambili. Manje usuphulukisiwe, iqolo lakho selisindile manje, ungaya ekhaya futhi uphile.

203 Nginiphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuba nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Yilokho iBhayibheli elakushoyo, "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

204 Inenekazi lidonsa ubuhlalu entanyeni yalo emuva lapho, linokwethuka ngempela. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Qhabo. Kulungile. Uyamkholwa uNkulunkulu na? Ucabanga ukuthi umyeni wakho uzosinda na? Unenkathazo yenhliziyo, akanayo na? Sukuma ume ngezinyawo zakho, uma ungenalo ikhadi lomkhuleko, futhi yilokho obukukhulekela, yima ngezinyawo zakho. Kulungile. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uzophulukiswa.

205 Uyayithanda iNkosi na? Yikholwe, akusimina manje, yiYo.

206 Ucabangani ngakho na? Ukhulekela lowomntwana, awunjalo, leyontombazanyana ehlezi lapho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwembula ukuthi yini engalungile ngalowomntwana, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Inkathazo isemphinjeni wayo. Kunjalo, ntombi. Angikwazi, ngiyakwazi na? Angikaze ngikubone empilweni yami. Ake ngikutshele enye into: Umntwana uhlinziwe, ube nokuhlinzwa okune emphinjeni, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso, phakamisa isandla sakho kulokho. Uma uzokholwa, akasoze adingeka abe nokunye. Kunjalo. Kulungile. Ungaba nakho okucelile.

207 Ubufanele uyibone into encane, ihleka ngamandla ayo onke. UMoya oNgcwele, lokho kuKhanya, kuhlale phezu komntwana, futhi ngiyazi uNkulunkulu ukuphulukisile. Amen. Aniboni yini ukuthi umntwana omncane angenzani ngakwelinye ilunga lebandla elilukhuni na? Amen. O, "Umusa omangalisayo! umsindo omnandi kangaka."

208 Nanti inenekazi elincane, lihlezi ekugcineni ngqo lapha lehlise isandla esincane, likhuleka, ngiyakubona lokho kuKhanya kumi phezu kwenenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, nenekazi elincane elihlezi lapha, ntombazanyana na? Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Inkathazo yakho isemaphashini akho. Kunjalo. Ukuba-ke uNkulunkulu ubengangitshela ukuthi ungubani, ubungakwenza, kukwenze—kwenze ukholwe kakhulu na? Bakubiza ngoPatty, abakubizi na? Igama lakho unguRamley, akunjalo na? Sukuma ume ngezinyawo zakho. Rumley, kunjalo. Kulungile. Sukuma ume ngezinyawo zakho. Nakho lapho okhona. Uphulukisiwe, nenekazi. INkosi uJesu iyakusindisa.

209 Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke sukuma ume ngezinyawo zakho futhi unike uNkulunkulu udumo, futhi uphulukiswe, nonke okholwayo, eGameni likaJesu Kristu.

210 UNkulunkulu angeke esenza lutho ngakho, yikho lokhu. UMoya oNgcwele, lokho kuKhanya kulenga phezu kwesakhiwo lapho. Mkholweni nje. Phakamisani izandla zenu futhi niMdumise, nithi, "Nkosi, manje ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami," futhi ungaba nakho okucelayo.

211 Nkulunkulu waseZulwini, Ungenza kakhulu kangakanani, Nkosi na? Nikeza lababantu ukushayela baphume ekungakholweni futhi mabaphulukiswe kulelihora. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka.

212 Manje Mnikeni udumo, phakamisani izandla zenu futhi niMbonge ngakho, futhi niye ekhaya futhi niphile, nonke, eGameni likaKristu.

58-0127 UJehova-Jira
EThe Hippodrome
EWaterloo, E-Iowa E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org